



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2023

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Stanmorephysics

Leli phepha linamakhasi ayi-14.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (40)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-20
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-50

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.



ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)



UKULOVA

- | | | |
|---|---|----------------|
| 1 | Ukulova isenzo lapho umuntu ekhetha ukungayi lapho elindeleke ukuthi abe khona, ngaphandle kwesizathu esizwakalayo. Lokhu kujwayeleke kubafundi ezikoleni kanye nakubasebenzi emsebenzini. Kungabe yini eyenza ukulova kujwayeleke kangaka? U-Amanda Mtuli owenze ucwaningo mayelana nokulova uthole ukuthi kungumkhuba umuntu awuqala esemncane aze akhule nawo. Umuthi ugotshwa usemanzi ngakho-ke kubalulekile ukuthi ingane ingavunyelwa ukulova esikoleni singekho isizathu esizwakalayo. Lokhu izokhula nakho ikwenze noma isisebenza. Ukulova kufanele kuvinjwe ngabazali emakhaya kanye nothisha ezikoleni ukuze kwakhiwe isizwe esizimisele ngempilo. | 5
10 |
| 2 | U-Amanda waphinda wathola ukuthi abanye abafundi uma bebhekana nobunzima ezikoleni bakhetha ukuthula bangabatsheli abazali bese beyazigulisa ukuze bangayi esikoleni. Umzali kumele akwazi ukubona ingane uma iqamba amanga noma kukhona okungayiphethe kahle. Izinto ezijwayelekile ezenza umfundi alove esikoleni; yingcindezi yomsebenzi, ukungabi nabangani, ukuhlukunyezwa ontanga, kanye nokuzizwa sengathi othisha abamthandi. Abanye abafundi kuba ukungasithandi nhlobo isikole. Ukulova kungamenza umfundi agcine engasavunyelwa ukubhala izivivinyo/ukuhlolwa ngenxa yezinsuku asezilovile. Lokhu kungaholela ekutheni umfundi angasiqedi isikole. Abanye bakhula nawo lo mkhuba wokulova bese bewenza noma sebesebenza. | 15
20 |
| 3 | Kukhona ezinye izindlela zokulova ngaphandle kokungayi esikoleni nasemsebenzini. NgokweSouth African Labour Guide ukulova kubandakanya ukufika emva kwesikhathi emsebenzini, ubuye usheshe uhambe, ukuthatha izikhathi zekhefu ngesikhathi esingafanele emsebenzini kanye nokwenza izinto eziqondene nawe ngesikhathi somsebenzi. Ukuchitha isikhathi ezinkundleni zokuxhumana ezinjengo-Facebook, WhatsApp nokunye ngesikhathi somsebenzi kuyingxenye nakho yokulova. Abanye abasebenzi baqamba amanga bathi bayagula besho bephila saka. U-Amanda wenze isibonelo ngomsebenzi owaqamba amanga wathi uyagula kanti ngebhadi ngenyanga elandelayo uzogula ngempela waze wagcina eselaliswa esibhedlela. U-Amanda ubadonse ngendlebe abasebenzi wathi lokhu kuyisifundo sokuthi bangaqambi amanga ngoba baziqedela izinsuku okufanele bazithole kumqashi uma begula. Okunye ukulova emsebenzini kudalwa izimo abasebenzi ababhekana nazo. Abaqashi kumele baqiniseke ukuthi abasebenzi banelisekile futhi bajabulile. | 25
30
35 |

4	UZandi Kheswa, oyi-HR Consultant kwenye yezinkampani ezinkulu, uthe ukulova kulimaza umsebenzi, ungenzeki ngokufanele. Uphinde wathi abasebenzi kumele bazi ukuthi imisebenzi yabo yiyona exosha ikati eziko emakhaya. Ukulova kuqeda umdladla kwabanye abasebenzi bese begcina sebezihudula emsebenzini. UZandi weluleka abaqashi ngezinyathelo kanye nemithetho elandelwayo mayelana nokulova emsebenzini. Umsebenzi uma eselove izinsuku ezintathu ngaphandle kokubika emsebenzini, umqashi kufanele amnikeze isexwayiso somlomo. Emva kwalesi sexwayiso uma eqhubeka nokulova sekufanele anikwe izexwayiso ezibhalwe phansi futhi azisayinele. Emva kwazo zonke lezi zexwayiso umqashi usenelungelo lokumxosha emsebenzini.	40 45 50
5	Abaqashi kumele bayazi imithetho ehambisana nokulova kwabasebenzi. Ukwazi kwabo le mithetho kungavimba ukuthi bangazitholi sebefakwa kwabezomthetho, ababhekene nezinkinga zabasebenzi (CCMA). Umsebenzi uma eqala emsebenzini omusha kufanele anikwe inkontileka ecacisa ngemithetho yenkampani. Kufanele abasebenzi bachazelwe ngezinhlobo zokulova nemithetho yazo. Inkontileka mayibhalwe ngezilimi eziqondwa abasebenzi.	55
6	Abaphathi bezinkampani zaseNingizimu Afrika okwaxoxwa nabo ngenkathi kwenziwa ucwaningo nendaba yokulova bakuqinisekisa ukuthi ukulova yinto umuntu ayiqala esemncane. Lokhu kulova kungabonakala kungeyona into enkulu kodwa uma ubheka izibalo ziyakhombisa ukuthi i-15% kuya ema-30% abasebenzi balapha eNingizimu Afrika bayalova. Lezi zibalo zenza izwe lethu lingabukeki kahle kwamanye amazwe. Enye yezinkampani ezinkulu ezenza i-Occupational Care South Africa, ithi ukulova emsebenzini kwehlisa umnotho nge-R12 billion kuya e-R16 billion minyaka yonke. Izinkampani kufanele zizibonele ukuthi ziyivimba kanjani le nkinga.	60 65
7	Siyadingana sonke njengabaqashi nabasebenzi, ngakho-ke masingavumeli ukulova kone ubudlelwane bethu.	70

[Ucwaningo oluthathwe ku-internet lwase luyahunyushwa]

- 1.1.1 Kuyini ukulova ngokwesigaba-1? (1)
- 1.1.2 Bhala indawo EYODWA ngokwendaba lapho abantu bejwayele ukulova khona. (1)
- 1.1.3 Yikuphi okushiwo u-Amanda ngalo mkhuba wokulova ngokwesigaba-1? (1)



1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:

Elinye igama elisho **umdladla** ...



- A umfutho.
- B ulwazi.
- C umphefumulo.
- D injabulo.

(1)

1.1.5 Bhala OKUBILI okungenza abantwana balove esikoleni ngokwesigaba-2. (2)

1.1.6 Tomula umusho ophelele osegabeni sesi-3 ositshela ukuthi kunezinto ezenza abasebenzi balove. (2)

1.1.7 Kubaluleke ngani ukuthi abaqashi bayazi imithetho ehambisana nokulova kwabasebenzi ngokwesigaba-5? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe kule misho elandelayo:

(a) U-Amanda ukholelwa ekutheni **umuthi ugotshwa usemanzi**. (2)

(b) **Ubadonse ngendlebe** abasebenzi wathi lokhu kuyisifundo ... (2)

1.1.9 Yisiphi isinyathelo sokuqala okufanele umqashi asilandele uma umsebenzi elovile? (2)

1.1.10 Abaqashi banalo ilungelo lokuxosha abasebenzi uma sebezilandele zonke izinyathelo zokubasiza. Sekela lesi sitatimende ngokusendabeni. (2)

1.1.11 Ngokwendaba, ukulova kwabasebenzi kuwuthinta kanjani umnotho wezwe? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.1.12 Chaza ukuthi abazali basifaka kanjani isandla kulo mkhuba wokulova kwezingane. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.1.13 Yisiphi iseluleko wena ongasinikeza umuntu omaziyo olova emsebenzini ngaphandle kwesizathu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)



1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO B (OBUKWAYO)



[Sicashunwe ku-googlepics.com]

- 1.2.1 Yikuphi okusitshela ukuthi lo ojaha/oxosha obalekayo uyiphoyisa? (1)
- 1.2.2 Yibuphi ubungozi obungenzeka kulo muntu ogibela othangweni/odongeni? Bhala OKUKODWA. (1)
- 1.2.3 Ngabe umuntu ophethe induku uyazwelana yini noweqa uthango/udonga? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2.4 Phawula ngokuhlolisisa ububi bokuhlaselwa kwamaphoyisa uma esemsebenzini. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30



ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngobuhle besithembu.

IMIYALELO



1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

UMBHALO C (OFUNDWAYO)

ISITHEMBU

Isithembu amakhosikazi amabili noma angaphezulu agane/ashade nendoda eyodwa. Isithembu saqala kudala, namanje sisekhona. Sithathwa izinhlanga ezahlukene. Kuningi okuhle esingakufunda ngesithembu. Siyakhula isibalo samadoda athatha isithembu.

Amanye amadoda athatha isithembu asuke enenhloso yokukhulisa/yokwandisa imizi yawo noma yasemakubo. Amakhosikazi asesithenjini ayayilekelela indoda yawo ngezindlela ezizokwenza umndeni ukhule nesibongo sikhule.

Abantwana bayisibusiso esivela kuMdali emindenini yonke. Kuyenzeka amanye amakhosikazi angasitholi lesi sibusiso sokuba nabantwana. Naleyo nkosikazi engabatholi abantwana esithenjini iyasizakala ngoba abantwana baba ngabantwana bawo wonke umuntu.

Umuzi nomuzi unezinto eziningi ezenziwayo ukuze impilo iqhubeke. Esithenjini amakhosikazi ayabambisana ngemisebenzi yasendlini kanye nezidingo zomndeni ezibalulekile ezifana nokuletha imali ekhaya. Lokhu kuvala isikhala uma kukhona ongasebenzi, ogulayo, ofundayo, osanda kuthola umntwana, njalonzalo.

Abantu besilisa kwaziwa ukuthi bangamasoka. Ukuba yisoka kunemithelela emibi esimweni senhlalo kanye nesezempilo ngoba indoda ingathola izifo. Isithembu sisiza ngokuthi indoda ingabi nezintombi eziningi ezingaziwa okwenza kugcine isithunzi sayo sehlile. Izintombi ziyalwa, zithukane zibanga indoda.

Indoda ethatha isithembu kumele ikwazi ukondla umndeni wayo omkhulu, ingathembeli emakhosikazini ayo. Isikhathi esiningi indoda enesithembu iyakwazi ukunikeza abantwana bayo lokho abakudingayo ngokwezindlu zonina.



Ukukhulisa abantwana akulula ngoba ziningi izinto okufanele bazifunde emakhaya. Abantwana abaningi abazalwa esithenjini bakhula benothando nenhlonipho ngoba babukela komama babo. Abantwana bayayibona indlela abaziphatha ngayo omama yize bevela emindenini engafani.

Isithembu senza izingane zibe nezihlobo eziningi ngenxa yokuthi omama bazo bavela/baqhamuka emindenini eyahlukene. Ngesinye isikhathi zivakashela emindenini yabanye omama ikakhulukazi uma kunemicimbi.

Qaphela! Isithembu akuwona umdlalo.



[Umbhalo wokuziqambela]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10



ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

TSHUZA OLWANDLE NGE-PRINCESS

Wake wazicabanga ungebeleka ngomkhumbi olwandle?

Wake wazicabanga wenza imidlalo oyithandayo emkhunjini?

Wake wazicabanga ubuka imidlalo yasesiteji emkhunjini?

Wake wazicabanga wenza umcimbi wakho emkhunjini?



THATHA UHAMBO LWEZINSUKU EZI-5 NGEPRINCESS VUMELA IPRINCESS IFEZE WONKE AMAPHUPHO AKHO!

IMININGWANE NGOHAMBO:

Uhambo lokuqala: 30 Julayi–30 Agasti 2023

Uhambo lwesibili: 16–20 Disemba 2023

Isuka eThekwini iya eMozambique naseCanary Island

Idiphozithi yizi-R10 000,00

Izingane ezingaphansi kweminyaka eyi-12 azikhokhi.

Ungasithinta ngenombolo yethu yamahhala: 080 011 1004.

Noma

thumela i-imeyili ku Princess@gmail.com.



*Imithetho nemibandela:
Awuvunyelwe ukuhamba uma ungenayo iphasiphothi nomazisi osemthethweni.*

[Umbhalo wokuziqambela, izithombe zicashunwe ku-googlepics.com]


- 3.1 Yini igama lomkhumbi osesikhangisweni? (1)
- 3.2 Bhala OKUBILI ongakwenza kulo mkhumbi okhangiswayo. (2)
- 3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.
Inyanga u-Agasti ngesiZulu u ...
- A Masingana.
B Ncwaba.
C Ntulikazi.
D Nhlolanja. (1)
- 3.4 Lesi sikhangiso esingenhla siyilandelile imigomo yokukhangisa. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 3.5 Tomula umusho ochemile kulesi sikhangiso bese usho ukuthi hlobo luni lokuchema. (2)
- 3.6 Ukusetshenziswa kwenombolo yamahhala kuzobasiza ngani abakhangisi? Sekela impendulo ngamaphuzu AMABILI. (2)
- [10]**



UMBUZO 4

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



Yehheni webantu!
 We Njoko,
 ucabanga ukuthi
 wenzani? Uyazi
 ukuthi amathambo
 akho asemadala?
 Ngicela uyeke le
 nto oyenzayo.

Uyabona
 Thandi mkami,
 leli gatsha kade
 ngangifuna
 ukulisika. Thula
 ubuke
 ukugijima
 kwesaha. Wena
 nje bamba ilada
 linganyakazi.

[Isithombe sicashunwe ku-google.com [cartoonpics](http://cartoonpics.com) sabe sesiyahunyushwa]

- 4.1 Bahlobene kanjani laba abasekhathunini engenhla? (1)
- 4.2 Bhala iziqalo zamabizo abhalwe ngokugqamile kule misho elandelayo.
 (a) Usukela **ingozi** izihlalele. (1)
 (b) Wena nje ngibambele **ilada** linganyakazi. (1)
- 4.3 Tomula ibizoqho elitholakala kulo musho olandelayo:
 Uyabona Thandi mkami leli gatsha kade ngangifuna ukulisika. (2)
- 4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.
 UThandi uyamthanda uNjoko ngoba ...
 A uyamhleka.
 B uyamphusha.
 C uyamkhuza.
 D uyambamba. (1)
- 4.5 Yini engenzeka njengoba uNjoko esika igatsha lesihlahla? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 4.6 Bhala umbono wakho ngokusikwa kwezihlahla. (2)

[10]

UMBUZO 5

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO F (OFUNDWAYO)

QALA NGOMFUTHO KOKWENZAYO	
<p>Njalo ngoJanuwari umuntu uqala impilo engcono. Abantu bathwala kanzima bezama ukudla okunomsoco. Ngemva kwenyanga bazithola sebebuyele endleleni akade bedla ngayo.</p> <p>Ungayigcina kanjani imigomo ozibekela yona? Qala ngokunakekela umzimba wakho kanye nokudla okudlayo usemncane. Ekuseni yidla i-aphula, ubhanana namapetshisi ukuze uqale kahle usuku. UNkosazane Mbili ukhuthaza bonke abantu ukuthi babe nezingadi zokudla emakhaya. Imali ayithola ngezingadi wagcina esezithengela ngayo ixhokovana esilungwini eSandton.</p> <p>Kuhle ukuzenzela isidlo sasemini esinempilo nsuku zonke. Ukuthenga ukudla kwasemini ezitolo akubizi nje kuphela kodwa kuvame ukungabi nayo impilo. Ama-wraps enziwe ngaphambilini, amasemishi ngisho namasaladi angaba noshukela omningi.</p> <p>Ekugcineni uchwepheshe kwezokudla utshele abantu ukuthi abazilungiselele ukudla okunempilo kwesonto lonke ukuze baphile kahle.</p>	<p>5</p> <p>10</p> <p>15</p>
[Umbhalo wokuziqambela]	

- 5.1.1 Phinda ubhale lo musho olandelayo ube senkathini ezayo:
 Umuntu uqala impilo engcono. (1)
- 5.1.2 Bhala isifinyezo segama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:
UNkosazane Mbili ukhuthaza bonke abantu ukuthi babe nezingadi zokudla emakhaya. (1)
- 5.1.3 Hlobo luni lwesakhi esibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:
 Ukudla **kuthengwa** ezitolo ngemali enkulu. (1)
- 5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe esho uhlobo lwesifenqo olubhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:
 Ngemali yezingadi yena wagcina esezithengela **ixhokovana** esilungwini eSandton. (1)
- A Isifenyiso
 B Ihaba
 C Isifaniso
 D Isenzamasuntu

5.1.5 Lenza msebenzi muni igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Abantu bathwala **kanzima** bezama ukudla okunomsoco. (2)

5.1.6 Qala lo musho olandelayo ngebizo elibhalwe ngokugqamile ukuze ukhombise umqondo wokwenziwa:



Ukudla okunoshukela omningi kudala **izifo**. (2)

5.1.7 Guqula leli gama elibhalwe ngokugqamile libe yisikhuliso bese ulisebenzisa emshweni ozozakhela wona.

Isitolo esinokudla okunomsoco sihle. (2)

5.1.8 Hlobo luni lo musho lolu olulandelayo?

UMBili ukhuthaza abantu. (2)

5.1.9 Sebenzisa isihlanganiso osinikiwe kubakaki ukuhlanganisa le misho elandelayo ibe ngumusho owodwa:

Abantwana baphumelela kahle ezifundweni.
Abantwana badla ukudla okunempilo. (uma) (2)



5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com, sahlelwa]

5.2.1 Bhala uphawu olufanelekile kuleli binzana lamagama alandelayo:

Hheyi Dan Ngilinde.

(1)

5.2.2 Hlobo luni lwendlela yesenzo ebhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Musa **ukudlala** ngami.

(1)

5.2.3 Bhala isabizwana esitholakala kulo musho olandelayo bese usho ukuthi siluhlobo luni.

Tamara yaziwa nguwe le ndlela.

(2)

5.2.4 Tomula isenzukuthi esitholakala enkulumweni kaTamara bese uzakhela umusho wakho ngaso.



(2)

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C:

40

AMAMAKI ESEWONKE:

80



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2023

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-10.



ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Omakayo kumele awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo amaphutha uma ekhona.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona, lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengoYEBO/CHA noma ANGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo- IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO nazo azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma eyidwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.
7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
Isib: 1.1.14 D/Isango. (okuwuhlamvu oluphelele).




- 1.1 1.1.1 Yilapho umuntu okusuke elindeleke ukuthi abe sendaweni ethize kodwa akhethe ukungayi ngaphandle kwesizathu esizwakalayo. ✓ (1)
- 1.1.2 Ezikoleni. ✓ / Emsebenzini. ✓ (1)
- 1.1.3 OKUKODWA kwalokhu:
- Uthi uqala umuntu esemncane bese ekhula nakho. ✓ /
 - Uthi umuthi ugotshwa usemanzi. ✓ /
 - Uthi kubalulekile ukuthi ingane ingavunyelwa nhlobo ukulova esikoleni singekho isizathu esizwakalayo. ✓ /
 - Uthi lo mkhuba kufanele unqandwe ngabazali emakhaya kanye nothisha ezikoleni ukuze kwakhiwe isizwe esizimisele ngempilo. ✓ (1)
- 1.1.4 A ✓ / Umfutho. ✓ (1)
- 1.1.5 OKUBILI kwalokhu:
- Ukungajabuli esikoleni ngenxa yengcindezi yomsebenzi. ✓ /
 - Ukungabi nabangani. ✓ /
 - Ukuhlushwa ontanga. ✓ /
 - Ukubona sengathi othisha ababathandi. ✓ /
 - Ukungasithandi nje isikole. ✓ /
 - Ukuhlukunyezwa othisha. ✓ /
 - Ukubhekana nobunzima ezikoleni, bayazigulisa bangayi esikoleni. (2)
- 1.1.6 OKUKODWA kwalokhu:
- Okunye ukulova emsebenzini kudalwa izimo abasebenzi ababhekana nazo. ✓ / ✓ /
 - Abaqashi kumele baqiniseke ukuthi abasebenzi banelisekile futhi bajabule. ✓ / ✓ / (2)
- 1.1.7 OKUBILI kwalokhu:
- Ukuze bangazitholi sebefakwa kwabezomthetho ababhekene nezinkinga zabasebenzi (CCMA). ✓ /
 - Ukuze bezokwazi ukuchazela abasebenzi ngezinhlobo zokulova. ✓ /
 - Ukuze bakwazi ukunikeza izinkontileka ezicacisa ngemithetho yenkampani ebhalwe ngezilimi eziqondwa abasebenzi. ✓ (2)
- 1.1.8 (a) Abantwana kuhle ukuthi bafundiswe besabancane ngokumele bakwenze. ✓ / ✓ / (2)
- (b) Ubayalile. ✓ / ✓ / Ubaxwayisile. ✓ / ✓ / Ubakhuzile. ✓ / ✓ / (2)

1.1.9 Ukumnika isexwayiso somlomo.√√ (2)

1.1.10 Ngokwendaba kuthiwa umsebenzi usengaxoshwa uma sebhulekile ukumqondisa izigwegwe abaqashi.√√ (2)

1.1.11 Izimpendulo ziyokwehluka:



OKUKODWA kwalokhu:

- Kuwuthinta kabi ngoba ukulova kwabantu kungehlisa umkhiqizo wenkampani okumele ukhiqizwe ngosuku.√√/
- Ukulova kwabasebenzi kungawisa inkampani ngoba ingakwazi ukukhokhela intela kaHulumeni.√√/
- Ukulova kwabasebenzi kungehlisa umnotho wezwe ngoba izinkampani ngeke zikwazi ukuqhudelana nezinye izimakethe zamanye amazwe.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

(2)

1.1.12 OKUKODWA kwalokhu:

- Abanye abazali bavumela izingane ukuthi zilove esikoleni ngaphandle kwesizathu esizwakalayo, bese izingane zikhula nawo lo mqondo.√√/
- Abazali abakuqinisekisi ukuthi izingane aziqambi amanga uma zithi ziyagula ngempela.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

(2)

1.1.13 Izimpendulo ziyokwehluka:

OKUBILI kwalokhu:

- Ngingameluleka ngokuthi akawuhloniphe umsebenzi ukuze ungampheleli/angaxoshwa emsebenzini.√/
- Ngingameluleka ngokuthi angalovi emsebenzini ngaphandle kwesizathu ngoba angagcina esephelelwa yizinsuku zakhe ezisemthethweni zomhlabakhefu.√/
- Ngingameluleka ngokuthi angalovi emsebenzini ngaphandle kwesizathu ngoba angagcina eseqala imikhuba emibi eyenziwa abantu abangasebenzi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

(2)

1.2 1.2.1 Ugqoke umfaniswano onombhalo othi 'Police'.√ (1)

1.2.2 OKUKODWA kwalokhu:



- Angalinyazwa ucingo emzimbeni.√/
- Angawa alimale.√/
- Angagxumela endaweni engenza ezinye izingozi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)


(1)

1.2.3 Okulindelekile:

Yebo uyazwelana naye ngoba uzama ukuvimba/ukuhlasela iphoyisa ukuba lingambambi obalekayo.√√

(2)

1.2.4 Izimpendulo ziyokwehluka:



OKUKODWA kwalokhu:

- Kubi ngoba amaphoyisa asuke evikela ukuphepha komphakathi. √√/
 - Kubi ngoba imindeni yamaphoyisa iyahlukumezeka uma ilungu lawo lilimala noma lishona.√√
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

(2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30



ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Amaphuzu esingawabheka:

	AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU AHUNYUSHIWE
1.	Amakhosikazi asesithenjini ayayilekelela indoda yawo ngezindlela ezizokwenza umndeni ukhule nesibongo sikhule.	1.	Isithembu sisiza ukukhulisa umndeni kanti nesibongo siyaqhubeka.
2.	Naleyo nkosikazi engabatholi abantwana esithenjini iyasizakala ngoba abantwana baba ngabantwana bawo wonke umuntu.	2.	Amakhosikazi wonke athola ithuba lokukhulisa abantwana ngisho nongamtholi umtwana.
3.	Esithenjini amakhosikazi ayabambisana ngemisebenzi yasendlini kanye nezidingo zomndeni ezibalulekile ezifana nokuletha imali ekhaya.	3.	Amakhosikazi ayasizana ukwenza imisebenzi nezidingo zasekhaya kanye nokungenisa imali.
4.	Isithembu sisiza ngokuthi indoda ingabi nezintombi eziningi ezingaziwa okwenza kugcine isithunzi sayo sehlile.	4.	Isithembu senza indoda ihlonipheke ngokuba kwaziwe ukuthi obani enobudlelwane nabo kwezothando.
5.	Isikhathi esiningi indoda enesithembu iyakwazi ukunikeza abantwana bayo lokho abakudingayo ngokwezindlu zonina.	5.	Abantwana basesithenjini bathola yonke into ngokulinganayo.
6.	Abantwana abaningi abazalwa esithenjini bakhula benothando nenhlonipho ngoba babukela komama babo.	6.	Izingane ezizalelwe esithenjini zikhula zinothando futhi zifunda nokuhlonipha abanye abantu.
7.	Isithembu senza izingane zibe nezihlobo eziningi ngenxa yokuthi omama bazo bavela/baqhamuka emindenini eyahlukene.	7.	Abantwana abazalelwe esithenjini bagcina benezihlobo eziningi ngenxa yemindenini yonina.



Ukumakwa kokufingqa

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**
 - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
 - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle kolimi.
 - Isamba samamaki ayi-10.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
 - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
 - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
 - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**
 - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
 - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.
 - Amaphuzu ama-2 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2 olimi.

QAPHELA:

- **Ukubalwa Kwamagama:**
 - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
 - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
 - Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde aphelele emshweni wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe, angabe esakunaka okulandelayo.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10



ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Indlela yokumaka ISIQEPHU C

• Ukupelwa kwamagama/Isipelingi

- Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe ngisho kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazelo yegama.
- Uma impendulo ingumusho ogcwele, amaphutha esipelingi awanganikwa amamaki uma kuhlolwa ulimi.
- Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.

• Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.

- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamvu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

3.1 I-Princess.√ (1)

3.2 OKUBILI kwalokhu:

- Ukungcebeleka emkhunjini olwandle.√/
- Ukwenza imidlalo oyithandayo.√/
- Ukubuka imidlalo yasesiteji.√/
- Ukwenza umcimbi wakho.√

(2)

3.3 B√/Ncwaba.√

(1)

3.4 OKUBILI kwalokhu:

- ifonti engafani.√/
 - izithombe.√/
 - igama lokukhangiswayo.√/
 - imininingwane yokukhangiswayo.√/
 - ulimi olusetshenzisiwe.√
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

(2)

3.5 Izingane ezingaphansi kweminyaka eyi-12 azikhokhi.√
Ukuchema ngokweminyaka.√

(1)

(1)

3.6 OKUBILI kwalokhu:

- Bangingi abantu abazofona befuna ukwazi kabanzi ngokukhangiswayo.√/
 - Kuzokhuphuka isibalo sabantu abazothatha uhambo.√/
 - Inkampani izokwenza inzuzo eningi.√
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

(2)

[10]

UMBUZO 4

- 4.1 Bashadile.√ (1)
- 4.2 (a) in-√ (1)
- (b) i-√/ili-√ (1)
- 4.3 Thandi.√√ (2)
- 4.4 C√/Uyamkhuza.√ (1)
- 4.5 OKUKODWA kwalokhu:
- Uzowela phansi alimale ngoba ubeke ilada egatsheni alisikayo.√√/ (2)
 - Angalimaza unkosikazi wakhe.√√ (2)
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)
- 4.6 Izimpendulo ziyokwehluka: OKUKODWA kwalokhu:
- Kubi ukusikwa kwezihlahla ngoba kuwukubulala imvelo.√√/ (2)
 - Kubi ukusikwa kwezihlahla ngoba kuphazamisa umoya wokuphefumula.√√/ (2)
 - Kuhle ukusikwa kwezihlahla ngoba ziyasetshenziswa ukwenza izinto ezifana nephepha nokunye okuyizidingo zempilo yabantu kanye nezilwane.√√ (2)
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)
- [10]

UMBUZO 5

- 5.1 5.1.1 Umuntu uzoqala√ impilo engcono./Umuntu uyoqala√ impilo engcono. (1)
- 5.1.2 Nksz.√/Nkz.√ (1)
- 5.1.3 Isivumelwano senhloko.√/Isivumelwano sikamenziwa.√ (1)
- 5.1.4 A√/Isifenyiso.√ (1)
- 5.1.5 Liyakhanyisa.√√/Likhanyisa isimo.√√/Isandiso sesimo.√√ (2)
- 5.1.6 Izifo zidalwa ukudla okunoshukela omningi.√√ (2)
- 5.1.7 Imisho iyokwehluka: (2)
- Isitolokazi.√ (2)
- Ubaba uthenge isitolokazi edolobheni.√ (2)

- 5.1.8 Umusho oqondile.√√ (2)
- 5.1.9 Abantwana baphumelela kahle ezifundweni uma **bedla** ukudla okunempilo.√√
Uma abantwana **bedla** ukudla okunempilo, baphumelela kahle ezifundweni.√√ (2)
- 5.2 5.2.1 Hheyi Dan! √ Ngilinde./Hheyi Dan, ngilinde!√ (1)
- 5.2.2 Indlela esabizo.√ (1)
- 5.2.3 Le.√ (1)
- Isabizwana sokukhomba.√ (1)
- 5.2.4 Bhe.√ (1)
- Umama ubase umlilo oshisa **bhe** emnyango.√
(Imisho iyokwehluka.) (1)
- [20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80

